# *UMnqobi Onamandla*

Ngiyabonga, mfowethu.

Ngiyabonga. Inhlanhla enkulu ukuba lapha kulobubusuku futhi phansi kwalelithende elikhulu, ukukhonzisa futhi eGameni leNkosi yethu.

2 Manje ngaphambi nje kokuba sifunde iZwi laKhe, asikhulume kuYe ngezwi lomkhuleko, singakhothamisa amakhanda ethu.

3 Nkulunkulu oPhakade, Owabuyisa futhi iNkosi uJesu kwabafileyo, siyakhuleka ukuthi Uzosithethelela iziphambeko zethu eziningi kuWe, nokuthi uMoya waKho uzoza kithi kulobubusuku, ekuthululweni okukhulu, futhi kwangathi izoni zingakhala izinyembezi njalo kulobubusuku, naba—abagulayo baphulukiswe, nezibonakaliso ezinkulu zikaNkulunkulu oPhilayo zenziwe phansi kwalelithende kulobubusuku, Nkulunkulu. Siphe khona.

4 Leli yiZwi laKho, njengoba silungiselela ukuLifunda, futhi akekho ongaLihumusha ngaphandle kukaMoya oNgcwele. Futhi sikhulekela ukuthi Uzosinika ingqikithi yeZwi. Siphe khona, Nkosi. NgeGama likaJesu, siyakhuleka. Amen.

5 Ngiyalithanda nje iZwi likaNkulunkulu, ngiyathanda ukuLifunda. Kukhona okuthize ngaLo okuxhuxhumisa kakhulu, ukwazi nje ukuthi sifunda iNto ethize ePhakade; neZwi likaNkulunkulu liPhakade nje njengoba Enjalo.

6 Noma yimuphi umuntu, akukho-muntu ongcono kunezwi lakhe. Uma bengingenakulithatha izwi lakho, khona-ke asinakudlelana; futhi uma ubungeke uthathe izwi lami, ubungeke ungethembe. Futhi uma singathatha iZwi likaNkulunkulu, singakwethemba lokho Akusho ukuthi kuyiqiniso. Futhi uma singenakuLithatha, khona-ke sekuyisikhathi sethu sokuba sihambe futhi sikhuleke uNkulunkulu aze asembulele khona, ukuthi UyiZwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu."

7 Manje, sizofunda, kulobubusuku, eNcwadini yeSambulo nesahluko 6 nevesi 2:

> *Ngase ngibona, bheka nanto ihashi elimhlophe: nohlezi* lapho wanikwa *umnsalo; wanikwa umqhele: futhi waphuma engonqobayo, noyakunqoba.*

8 Ngingathanda uku, uma kufanele kukhulunywe ngalendlela, ukuthatha lokhu ngaphansi kokunakwa njengoba kuzobizwa ngokuthi: *UMnqobi Onamandla*.

9 Esikhathini esithile esedlule, ngaba nenhlanhla yokuma eLisbon, ePortugal, futhi ngenyukela emkhunjini omdala lapho babevame ukuba nezigqila neziboshwa zempi, futhi kwakukhona indoda, isithombe sasiqoshwe ensimbini ethize, futhi kwakuyi, indoda, iqhawe elithize elikhulu, yayiliqhawe, ngoba yayithathe lelidolobha elikhulu. Kwase kuthi-ke, ngaleya kwayo nje kwakuyi. . .yayingumTurkey. Futhi ngaleya nje kwalokho kwakungenye indoda eyanikela ngempilo yayo kuloludonga, elinye iqhawe, umnqobi, owanikela ngempilo yakhe njengeqhawe lapho ephihliza izindonga futhi walususa kumaTurkey, nabaseSpain balingamela.

10 Nezwe beligcwele amaqhawe, nabanqobi, kanjalonjalo. Futhi ngiyacabanga, kulobubusuku, ngoConstantine, njengoba elikhulu, iqhawe elinamandla lalisendleleni yalo ebheke eRoma, lithe ukukhathazeka kancane ngokuwela. Ngobunye ubusuku, ngenkathi lisebuthongweni balo, laphupha iphupho, ukuthi labona isiphambano esimhlophe siza phambi kwalo, nephimbo lakhuluma kulo lase lithi, "Ngalokhu uyakunqoba." Futhi lavusa onke amadoda alo phakathi nobusuku, futhi lawayala ukuba apende isiphambano esimhlophe esihlangwini sabo. Futhi ngalokho, awu, ayezonqoba.

11 Futhi ngokweqiniso, uma kukhona noma yikuphi ukunqoba okufanele kwenziwe, kuyofanele kufike ngesiphambano, yileyondlela kuphela ekhona yokunqoba, kungesiphambano.

12 Futhi siyazi ukuthi uConstantine wayeyindoda enkulu, kodwa manje-ke siyacabanga futhi nge. . .Cishe eminyakeni emithathu edlule ngangisendleleni yami ngivela eJalimane, lapho iNkosi yayisinike khona umhlangano omkhulu, futhi sama ngale eBrussels, futhi sasingekude kakhulu phandle lapho eWaterloo, futhi babesitshela ngezinye izithombe eziqoshiwe, kanjalonjalo, babenezinsalela zempi enkulu eWaterloo, amaningi, amakhulu amaningi eminyaka eyedlula, lapho uNapoleon omkhulu ehlulwa khona.

13 Futhi uNapoleon, sonke simazi njengendoda enkulu, kodwa waqala ukuphuma endleleni enhle ngenkathi eseyinsizwa, futhi eseneminyaka engamashumi amathathu nantathu wayenqobe umhlaba. Emva kokuba esebhaxabule wonke umuntu emhlabeni, nazo zonke izizwe, wahlala phansi futhi wakhala izinyembezi ngenxa yokuthi wayengekho omunye ayengambhaxabula. Futhi wafa esemncane, engohlulwa wuphuzo. Ngenkathi eqala, wayengonqabelayo, kodwa ngenkathi efa, wayengohlulwa wuphuzo.

14 Futhi wayesatshwa kakhulu ngumhlaba, bengifunda incwadi encane lapho esikhumulweni sezindiza eyasho ukuthi abesifazane ebusuku ngenkathi beyobeka izingane ezincane embhedeni, njengoba umama abaningi ethi, "Uma ungayi ukuyolala, inunu endala izofika ikulande," ngani, babesabisa

kakhulu izingane zabo ngokusho ukuthi—ukuthi uNapoleon wayezobathola, ngoba wayengumbulali omkhulu. Abafo abancane babekhanyisa amehlo abo amancane bese bethi nyelele ngaphansi kwesembozo ngokushesha impela, ngoba babecabanga ukuthi uNapoleon onamandla wayezobathola. Kodwa wehlulwa ngoba akazange ayidlale imithetho yomdlalo kahle.

15 Futhi khumbulani lokhu nje, leso yisifundo esihle seBandla likaNkulunkulu ophilayo: Uma singawudlali umdlalo ngokwemithetho, siyokhishwa ekugcineni, ufanele ugcine imithetho yomdlalo ukuze uwine.

16 Futhi uma imithetho yomdlalo kulendawo ingukuthi, "Umuntu ufanele azalwe ngokusha ukuba angene enhlanganyelweni kaKristu neBandla laKhe," futhi singahle sibe yihlelo elikhulu kunawo onke emhlabeni, kodwa uma singayidlalanga imithetho yomdlalo, siyokhishwa ekupheleni. Sifanele size ngqo ngemithetho kaNkulunkulu. Akusiyo imithetho yethu, yimithetho yaKhe esifanele siyigcine. Sigijima umjaho ngokwemithetho yaKhe, futhi sifanele siyigcine.

17 Ngakho niyabo, uNapoleon, emva kokuba nakuba eyiqhawe elikhulu, futhi engumnqobi omkhulu, wanqoba abantu ngaphansi kokwesaba, futhi lokho akusiwo umthetho womdlalo, umthetho womdlalo unqoba ngothando.

18 Awekho amanye amandla emhlabeni wonke amakhulu njengothando. Futhi ngicishe impela ngiqiniseke ukuthi thina njengabantu sigcizelele kakhulu eminye imithetho ukuthi, angiqondile ukuba luhlaza, kodwa ngezinye izikhathi ukuthi sizenze thina uqobo, futhi sabeka ingcindezi eningi kakhulu kuleyomithetho, kuphela ukuba sizithole sesikhishiwe.

19 Ukuba-ke uMartin Luther wayedlale imithetho yomdlalo, kahle na? Kwakungeke neze kubekhona ibandla leMethodisti. Ukuba-ke iMethodisti yayidlale imithetho yomdlalo kahle na? Kwakungeke neze kubekhona ibandla lePentecostal. Kodwa uma sehluleka ukudlala imithetho yomdlalo kahle, UNkulunkulu uzosenza sikhishwe futhi avuse kulamatshe, abantwana ku-Abrahama. UNkulunkulu ufuna umdlalo udlalwe kahle, futhi sifanele sikwenze. Ngakho akwenzi mehluko ukuthi sizizwa sinjani ukuthi siqhubekela phambili, size sibuyele emthethweni womdlalo . . .

20 Bengikhuluma namanye amaNdiya kulentambama, amaNdiya angamaHopi, avela le e-Arizona ukuba abe semhlanganweni. Nezinye zezinsizwa bezisezansi lapha izolo ebusuku e-altare, zinikela izinhliziyo zazo kuKristu. Futhi isithunywa senkolo sasifike kanye nabo, futhi ngathi . . . Wathi, "Mfowethu Branham, ngingathanda ukuba ucele uNkulunkulu uma Engandisa nje umsebenzi wami kumaNdiya."

21 Ngathi, “Ngiyawezwela nami, mnumzane.” Kodwa ngathi, “Uma uNkulunkulu ekunike ithalente, hlala nalelothalente. Futhi akunandaba ukuthi uzama ukwenzani, uma lelothalente lingasebenzi, akunandaba ukuthi likhulu kangakanani, uma lingenziwanga ngokwemithetho, uyokhishwa emncintiswaneni.”

22 Futhi amandla aqine kunawo onke, engazi ngawo, luthando. “Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezeziNgelosi, kepha ngingenalo uthando, angiyilutho, noma nginjengethusi elikhencezayo nensimbi encencethayo. Noma nginamandla okugudluza izintaba, kepha ngingenalo uthando, angiyinto yalutho.”

23 Ngakho, uma sizodlala lomdlalo, njengoba besingawubiza, uma sizonqoba, sifanele sibuyele emgomweni wokunqoba. Zonke lezizibonakaliso ezinkulu nezimanga esizibonile, kuNkulunkulu sinikeza udumo. Kodwa uma lezozinto zingakhelwe phezu lokumesaba uNkulunkulu, uthando lobuKristu nezinhlonipho ngoNkulunkulu nabantu baKhe, kuyohluleka. Kuzofanele nje kwehluleke. Niyabo? Ngoba akunasisekelo. Futhi kulento enkulu, ngi . . .

24 Ngimi esikhathini esithize esedlule, ngangiseWestminster Abbey eLandani, eNgilandi, futhi ngabona isimo sembongi eyabhala i*Psalm Of Life*, uLongfellow, futhi ngacabanga ngenkondlo yakhe:

Ungangitsheli, ngezinombolo ezidabukisayo,
Ukuphila kuyiphupho elingenalutho nje!
(Yidla nje, uphuze futhi ujabule.)
Nomphefumulo ufile lowo owozelayo,
Futhi izinto azinjalo njengoba zibonakala.

Ukuphila kuyikho ngempela! Futhi ukuphila kuyisiqiniseko!
Nethuna alisiwo umgomo wakho;
Uluthuli, ubuyela othulini,
Akukhulunywanga ngomphefumulo.

Izimpilo zamadoda amakhulu zonke ziyasikhumbuza,
Futhi singenza izimpilo zethu ziphakame kakhulu,
Ngokuhlukana, sishiye ngemuva
Amanyathelo ezinyawo ezihlabathini zesikhathi;

Amanyathelo ezinyawo, ukuthi mhlawumbe omunye,
Entweza phezu kwesikhulu sempilo esinesizotha,
Ngomfowethu odabukile nophukelwe ngumkhumbi,
Ukubona kuyothatha isibindi futhi.

> Asisukume-ke futhi senze,
> Ngenhliziyo nganoma yimuphi umbango;
> Ungabi njengezinkomo eziqhutshwa yisimungulu!
> Yiba yiqhawe . . . !

25 Yilokho umuntu ngamunye webandla abefanele akuhlose enhliziyweni yabo, ukuba benze okwabo okwedlula konke benzela uMbuso kaNkulunkulu. Futhi umkhonza kanjani uNkulunkulu na? Lapho nikhonzana, lapho uthatha isiphetho esincane sophondo, njengoba kwakunjalo ukusho. Futhi abantu abake bafinyelela kakhulu impela ezweni, bekungamadoda abehlile futhi abengesibo abantu abakhulu, azenza aba mancane ukuze afeze inhloso.

26 Ngiyacabanga, kulobubusuku, njengoba ngibuka phezu kwalezizethameli zabesilisa, ngani besilisa nabesifazane, enizungeze iminyaka yami, ngeqhawe esasivame ukufunda ngalo kumfundi wethu, ngokushesha okukhulu sakhohlwa, futhi lokho kwakungokuka-Arnold von Winkelried waseSwitzerland. Ngani, phezulu ezintabeni zaseSwiss, ungaliphatha nje igama lakhe namhlanje, nokubonakala ebusweni babantu kuzoshintsha, nezinyembezi ziyogijima zehle ezihlathini zabo.

27 Sonke siyayazi indaba yokuthi kanjani ukuthi abantu baseFinland, noma hhayi abaseFinland, ngiyaxolisa, kodwa abantu baseSwitzerland, babeyisigejane nje samaJalimane akhuphukela ezintabeni ukuyohlala ngokuthula futhi angabi nempi, futhi basalokhu bengesibo abantu abalwayo.

28 Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umnotho wabo omncane wawukade uhlaselwe umbutho, nawo onke amadoda aseFinland ayebuthene esigodini ngaphansi kwezintaba, ayeye lapho ukuvikela amakhaya awo, nabantwana bawo, nakho konke lokho ayekuthatha njengokuyigugu empilweni, ahamba ayokuvikela, futhi ngenkathi ezithola eyiqembu elincane phandle enkundleni, futhi abuka, eza, kubo, ibutho elikhulu elimashayo, njengodonga lwezitini, wonke umuntu oqeqeshelwe umkhonto, nesihlangu, nezigqoko zokuzivikela, embethe izikhali ezinkulu, eqeqeshwe kakhulu nje futhi ephelele, kuze kungabibikho neyodwa indoda ephuma esinyathelweni, eyayibukeka kanjalo, ukweluleka okungapheli. Futhi lapha babemile, futhi wayemele amalungelo, njengeqembu lonke lishaywe lancikiswa odongeni, benamasikela amadala, namadwala, nezinduku ezandleni zabo ukuba balwe ngakho.

29 Lalingenzani lelobutho elincane ngokumelene nokuhlasela okunjalo ababenakho, njengoba isitha sabo siza wonke umuntu eqeqeshwe ngqo endawaneni na? Ngani, babengenasizo, babengenanto eyodwa ababengayenza.

30 Kodwa ekugcineni, insizwa yaphuma, ethi ayibe neminyaka engamashumi amathathu nantathu, futhi yathi, “Banumzane

abahloniphekile baseSwitzerland, ngalolusuku ngizonikela ngempilo yami ngenxa yeSwitzerland."

Bathi, "Arnold von Winkelried, ungenzani ngokumelene nebutho elikhulu kangaka liza na?

31 Wathi, "Ngaleya kwentaba nje, ngivalelise ngokwanga umkami nabantwana abathathu. Futhi kukhona elincane, ikhaya elimhlophe, futhi bamile emnyango ukungibheka ngiza ekhaya, kodwa," wathi, "Angisophinde ngibabone futhi lona, kulomhlaba, ngokuba namhlanje nginikela ngempilo yami ngenxa yeSwitzerland, namalungelo ayo."

Bathi, "Uzokwenzenjani, Mnu. Arnold von Winkelried na?"

Wathi, "Ngilandeleni nje, nanoma yini enizolwa ngayo, yilwani ngakho konke okukini."

Futhi bathi, "Uzokwenzenjani na?"

32 Futhi waphosa phansi lokho ayenakho esandleni sakhe, wabona lelobutho elikhulu liza, futhi walibuka yonke indawo waze wathola ugqinsi lwemikhonto, futhi lapho indaba iqhubeka, waphakamisa izandla zakhe futhi wathatha waqonda ngqo phakathi kwemikhonto, ememeza, "Yenzani indlela yenkululeko!" Futhi wamemeza futhi, "Yenzani indlela yenkululeko!" Futhi wagijimela ngqo kulabo, lapho imikhonto eyikhulu ukuba imthole, futhi wavula izingalo zakhe futhi wathola yonke engagcwala izingalo yayo, futhi bayihloma esifubeni sakhe.

33 Ukubonakalisa okunjalo kobuqhawe, kwaxosha ibutho, nalawomadoda amancane angamaSwiss enezinduku namatshe, namasikela, axosha lelobutho laphuma ezweni lawo, futhi abakaze babe nempi kusukela lapho.

34 Lolohlobo lobuqhawe buye ngokungavamile baqhathaniswa nabo, futhi abukaze bedlulwe, neSwitzerland, namhlanje, iyakukhumbula, u-Arnold von Winkelried, amakhulu ngamakhulu eminyaka kungekho-mpi, leso kwakuyisenzo esikhulu, sobuqhawe.

35 Kodwa, o, mfowethu, dadewethu, leyo kwakuyinto encane kakhulu, kolunye usuku ngenkathi uhlanga luka-Adamu lwaluminyaniswe odongeni, babekade benabaprofethi, babekade benemithetho, futhi babebulale abaprofethi, futhi babhubhisa imithetho yabo, nohlanga luka-Adamu lwaluminyanisiwe, lungenasizo futhi lungenathemba ngokumelene nesitha esizayo, udeveli nalo lonke ibandla lakhe, izidalwa zokomoya eziqeqeshwe kahle, esisazokufa sasingeqhathaniswe nazo nhlobo. Futhi yini ababengayenza na? Babengenalusizo.

36 Kodwa kwakukhona Oyedwa owaphumela eNkazimulweni esuka ezifubeni zikaBaba, futhi Wathi, "Ngizokwehla

ngalolusuku futhi nginikele ngokuphila kwaMi ngenxa yesizwe sika-Adamu esiwileyo."

37 Futhi ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathola ibala elimnyama kunawo onke lemikhonto eyanqoba umuntu, lokho kwakungukufa, futhi Wadumela okungagcwala izingalo kwayo eKalvari futhi Wazihloma ekufeni, futhi washiya ukuthunywa neBandla laKhe, elincane, iqembu elimahhadlahhadla, elingafundile, umdobi ongafundile. Akazange aLishiye nje izinduku namatshe ukuba alwe ngakho, kodwa ngoSuku lwePhentekoste, Wabeka isikhali esikhulu kunazo zonke ezandleni zeBandla eLake laba naso, futhi Wathi, "Ngilandele, futhi ulwe ngakho konke okukuwe."

38 Wahola indlela, WayenguMnqobi onaMandla. Akazange azinqobele Yena uqobo nangenkazimulo yaKhe uQobo, kodwa Wanqoba ukuba kube ngokuhle esizweni sika-Adamu esiwile; akaze abekhona umnqobi onjalo.

39 UNapoleon wehlulwa njengohlanya oludakiwe eneminyaka engamashumi amathathu nantathu, kodwa eneminyaka engamashumi amathathu nantathu, uKristu, edlala umdlalo kahle, wayenqobe ukufa, isihogo, ukugula, nethuna. Akukaze kubekhona umnqobi onjengaYe, noma wayengasoze.

40 Manenekazi nabanumzane abahlonipheki le, nabafowethu, nodadewethu, sekuyisikhathi, kulobubusuku sokuba iBandla licoshe lokho uKristu aKushiya. "Lokhu bonke abantu bayokwazi ukuthi ningabafundi baMi, lapho ninothando omunye komunye." Futhi uthathe leyonkemba nokuzidela bese ubuyela emgqeni weVangeli elidala futhi, uphume ukuyonqoba izitha zethu. Unqoba ngothando, ngento efanayo ukuthi "uNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuthi yilowo nalowo okholwa yiYo akayikubhubha, kodwa abe nokuPhila okuPhakade."

41 Ngenkathi Esemhlabeni, isizwe sika-Adamu sasinokwesaba okuningi, futhi kuyiqiniso, basenakho, kodwa abafanele babe nakho. Njengoba u-Arnold von Winkelried aqeda impi kanye, noKristu wanqoba kanye konke eKalvari.

42 Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wenyukela e—indoda egulayo, lokho kugula kwakubophe isintu, Wayesethi, "Wena moya kadeveli, Ngiyakuyala, phuma kumuntu." Wanqoba udeveli.

43 Ngenkathi umuntu elele ethuneni efile, Wanqoba ukufa enzela umuntu, noma ukugula ngenkathi uhlanya luphuma ukuMbhubhisa, nohlanya lwaqonda ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu, lwathi kuYe, "O, uma Uzosikhipha, sivumele sihambe singene kulesosigejane sezingulube." Ngokuba lwalwazi igunya uJesu Kristu ayenalo. Wanqoba udeveli nomaphi lapho Ahlangana khona naye. Futhi Akakunqobanga

kuphela qobo lwaKhe, kodwa washiya umyalo eBandleni ukuthi, “Noma yini eniyicela eGameni laMi, lokho Ngizokwenza.”

44 Yilwa ngalokho okusesandleni sakho, uma kungukucula, cula iVangeli; uma ungeke wenza lutho ngaphandle kokushaya ikhwela, shaya ikhwela kakhulu ngakho konke ongakwenza ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu; akukho okunye ongakwenza kunokumbambatha izandla zakho, zimbambathe. Nqoba nganoma yini onayo esandleni sakho. Zishaye ngendlela yokuthi, ukuthi bonke omakhelwane bazokuthanda, vele ushaye ikhwela ngangokuthi onke amahlelo azokwazi ukuthi ungokaKristu. Nqoba, dlala umdlalo kahle, uwudlale kahle.

45 Siphila osukwini lapho lelivangeli lenhlaliswano liba ngelande kakhulu, lapho a—amabandla ezihlanganisa ndawonye futhi enza inkolo yomphakathi, futhi bezibopha ndawonye, usuku olwesabekayo, bazama ukususa bonke ubuNkulunkulu, nayo yonke i—i—inkazimulo isuke kuKristu, futhi bezama ukuMenza umprofethi nje. Uma uKristu wayengumprofethi nje, sonke silahlekile. Wayengaphezu komprofethi. Futhi namhlanje lapho . . .

46 Owesifazane wangitshela esikhathini esedlule, wathi, “Mnu. Branham, yinye into engingayithandi ngokukhuluma kwakho.”

Awu, ngathi, “Kuyini, dadewethu na?”

Futhi wathi, “Uzama ukukhulisa uKristu kakhulu, uqhosha ngaye kakhulu. Uzama ukumenza abe ngaphezu kwalokho ayikho.”

Ngathi, “Ukuba benginezilwimi eziyizinkulungwane eziyishumi, bengiyo, ngingaziqeda zonke, futhi bengingeke neze ngichaze ukuthi Uyini ngempela. Ufanele lonke udumo.”

Wathi, “Mnu. Branham, ngikuzwile usho usemsamo, ukuthi ubungoqavile womsuka.”

Ngathi, “NgokweZwi, yebo.”

Wathi, “Uma ngizokuchazela futhi ngifakazise kuwe ngeZwi, ukuthi wayengumuntu nje, futhi uzama ukumenza onobuNkulunkulu . . . ”

Ngathi, “WayengonobuNkulunkulu.” Ngathi, “UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe.” Ngathi, “Uma nje Wayengumprofethi, sonke silahlekile.”

Wathi, “Uma ngizofakazisa kuwe ngeBhayibheli ukuthi wayeyindoda nje, uzokwemukela na?”

Ngathi, “Yebo, mem, uma iBhayibheli lisho lokho.”

Wathi, “Ngenkathi ehlela ethuneni likaLazaru, kuJohane oNgcwele isahluko 11, iBhayibheli lathi wakhala izinyembezi, futhi uma wayekade engonobuNkulunkulu, wayengenakukhala izinyembezi, ngakho lokho akumenzanga lutho kodwa nje ejwayelekile, indoda elungileyo.”

47 Ngathi, "Dadewethu, impikiswano yakho ayilungile," ngathi, "wehluleka ukubona, wabona umuntu, kodwa wehluleka ukubona uNkulunkulu kumuntu." Ngathi, "Kuyiqiniso ngenkathi Ehlela ethuneni likaLazaru, Wayekhala izinyembezi njengomuntu, kodwa ngenkathi Ehlanganisa lawomahlombe amancane, futhi wabuka ubuso bomuntu ofile owayekade efile nomphefumulo wakhe wawuwuhambo lwezinsuku ezine, Wayesethi, 'Lazaru, phuma,' lowomuntu ofile wama ngezinyawo zakhe futhi, lowo wayengaphezu komuntu ekhuluma lapho. UnguMnqobi onaMandla. Lowo kwakunguNkulunkulu ekhuluma ngeNdodana yaKhe."

48 Futhi Wayengumuntu, ngenkathi Ehla entabeni ngalobobusuku, elambile, wayengenalutho lokudla, wayeseqalaza emkhiwaneni ukuba athole okudliwayo, Wayengumuntu ngenkathi Elambile, kodwa ngenkathi Ethatha amabheskidi amahlanu nezinhlanzi ezincane ezimbili futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu, lokho kwakungaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu ekhuluma ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu, ubuNkulunkulu kumuntu.

49 Yena, ngempela Wayengumuntu, ngenkathi Wayengemuva kwalesosikebhe esincane ngalobobusuku lapho odeveli abayizinkulungwane eziyishumi basolwandle bafunga ukuthi babezoMminzisa, sasigxumagxuma phandle lapho njengesivalo sebhodlela olwandle olunamandla, nodeveli, ebona, wathi, "Manje, siMtholile," kodwa ngenkathi Evuka, wabeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yokudonsa isikebhe, wabheka phezulu wayesethi, "Thula, uthi du," namagagasi nemimoya kwaMlalela, Wayengaphezu komuntu, ngenkathi Enza lokho.

50 Wayengumuntu ngenkathi Ebiza umusa esiphambanweni, Wafa njengomuntu, kodwa ekuseni ngePhasika, ngenkathi uphawu lukahulumeni wamaRoma lwephulwa nethuna lalingenalutho, Wavuka futhi, Angahle ukuba wafa njengomuntu, kodwa Wavuka futhi njengoNkulunkulu. WayenguNkulunkulu-muntu.

Akumangalisi imbongi yathi:

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le;
> Evuka, Walungisisa, ngesihle phakade:
> Ngoluny'usuku, Uyeza—o, usuku olukhazimulayo!

Akumangalisi, uFanny Crosby oyimpumputhe wayekwazi ukumemeza:

> Ungangedluli, O Msindisi omnene,
> Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
> Lapho Ubabiza abanye,
> Ungangedluli.

Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo yami,
Ngaphezu kokuphila kimi,
Ngubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na?
Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

51 Wayengaphezu komuntu, WayenguMnqobi kaNkulunkulu onaMandla. O, sifanele siMthande kanjani, sifanele siMdumise kanjani! Sifanele sithandane kanjani, njengoba Asithanda, futhi wazinikela Yena uqobo ngenxa yethu, ukuze sibe ngaphezu kwabanqobi, ngaYe, Onqobe ukugula, ukufa, isihogo!

52 SiyaMbona lapha emhlabeni njengoMnqobi. SiMbona emi lapho eceleni kwethuna futhi enqoba ukufa kulowomuntu. Umphefumulo wakhe wawunguhambo lwezinsuku ezine, angazi ukuthi wayekuphi, kanjalo nani anazi, kodwa noma ngabe wayekuphi, Wakunqoba, wakubuyisa, ukonakala kwayazi iNkosi yakho. Amen. Futhi umphefumulo walendoda wawukade ufile, wabuya futhi waphila futhi emzimbeni ofayo, futhi wahlala etafuleni futhi uyadla. Kwakungakaze kubekhona umuntu owayengenza lokho ngaphambili. WayenguMnqobi Onamandla kaNkulunkulu.

53 Ukugula...Akazange ashumayele umngcwabo, ukufa kwakungeke kuhlale ebukhoneni baKhe. Kwakungahlala kanjani ukufa nokuphila ndawonye na? Angeke kukwenze. Yingalesosizathu namhlanje, mfowethu, lapho iBandla lizelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, ukufa nokuphila akukwazi ukuhlangana ndawonye, kukhona okwenzekayo. UKristu uyangena futhi anqobe izinkanuko zethu, Unqoba izifiso zethu, Unqoba konke okungamesabi uNkulunkulu ngathi, futhi ngoba Uyaphila, nathi siyaphila, futhi. Unqoba yonke into engamesabi uNkulunkulu, Usevele ukwenzile, kubekwe ezandleni zethu ukwemukela nje.

54 SiyaMbona enkonzweni yaKhe yasemhlabeni njengoMnqobi, impela, siyambona. Kodwa manje ake siMqaphele emva kokuba Esefile, Wayesalokhu eqhubeka nokunqoba, Akazange aphelele ethuneni. IBhayibheli lathi uMphefumulo waKhe wehlela esihogweni, futhi Washumayela emimoyeni eyayisekuboshweni engaphendukanga ekubekezeleni kwezinsuku zikaNowa.

55 SengiyaMbona njengoba amazulu nomhlaba eba-mnyama, amadwala ebhonga ephuma ezintabeni, onke amazulu, inyanga, izinkanyezi zenqaba ukukhanya, Wakunqoba. Futhi ngenkathi Eya phansi, wehlela phansi, futhi wangqongqotha emnyango lapho leyomiphefumulo elahlekile yayikhona, [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti—Umhl.] futhi ngenkathi iminyango ivuleka, nalabobantu abahleka futhi bahlekisa ngo-Enoke, abahlekisa ngoNowa, ngiyaMuzwa ethi, "Ngiyilowo u-

Enoke athi uyofika nezinkulungwane eziyishumi zabangcwele baKhe. Animkholwanga ngani u-Enoke na? Animkholwanga ngani uNowa na?"

56 Yonke into yayifanele yazi ukuthi Wayenqobile. Ngenkathi Evala umnyango kubo, izinsuku zomusa zase zedlule. Wahamba wehla wangena emigodini ephansi kunayo yonke yesihogo, futhi Wangqongqotha eminyango enomule yesihogo sikadeveli.

57 Nodeveli ufika emnyango, njengoba besingabuka ukuba sibone, futhi lapho wathi, "Awu, nakhu la Ukhona emva kwakho konke. Impela ngacabanga ukuthi ngangiKutholile ngenkathi ngibulala abaprofethi; ngangiqinisekile ukuthi ngangiKutholile ngenkathi nginquma ikhanda likaJohane etilongweni, kodwa manje, emva kwakho konke, Usulapha."

58 SengiyaMuzwa njengoba Esho, Aziqondise, wathi, "Sathane, ngiyiNdodana kaNkulunkulu ophilayo ezelwe yintombi, iGazi laMi lisemanzi esiphambanweni, Ngikhokhe inani, Nginqobile, futhi Ngehlile ukuzolidla, ngikuhlubule yonke into ozisho ukuthi ubunayo." Ufinyelela ngaleya ohlangothini lwakhe futhi wahluthula lezozihluthulelo zokufa nesihogo kuye, amkhahlele ambuyisele endaweni lapho ayengowakhona. Wanqoba isihogo! Ngenkathi Evuka, Wayenezihluthulelo zokufa nesihogo zilenga ohlangothini lwaKhe.

59 IBandla lesabani-ke na? Amen. Wanqoba uSathane, Wanqoba ukugula, Wanqoba ukufa, Wanqoba isihogo, Usendleleni yaKhe ephuma. Khumbulani, kukhona abanye abathembekile abaqhubeka, futhi. Babesendaweni ethiwa yiParadesi, babengenakuya eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngoba babekhonze ngaphansi kwegazi elichithiwe lamawundlu nezimbuzi, kanjalonjalo; akuzange kwehlukanise isono, kwasibekela isono kuphela.

60 Futhi yilokho-ke namhlanje, bangane, ningeke namboza izono zenu bese ningena, sizofanele sisuswe. Futhi yinye kuphela into ezokwenza, lokho akusilo ibandla lakho, lowo akusiwo umbhaphathizo wakho ngamanzi, lelo yiGazi likaJesu Kristu, elisibekela izono futhi liyasihlukanisa. Indlela kuphela yokunqoba ekhona, kungeGazi leNkosi uJesu.

61 Futhi ake sithi cishe kungelesine nqo, ngeSonto ekuseni, uSara no-Abrahama bahambahamba bedabula eParadesi, futhi khona manjalo, nakho kufika futhi kungqongqoza emnyango. [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] Futhi uJobe uya emnyango futhi uvula umnyango emuva ukubona ukuthi ubani ongqongqozayo, engena kulokhu ukusa ngalesisikhathi sosuku. Futhi uyabuka, uphakamisa isandla sakhe, wathi, "Lowo nguMhlengi wami, engambona emuva lapho lapho umbani wawubaneka khona! Ngiyazi Uyaphila, futhi ngezinsuku zokugcina, Uyoma emhlabeni, lowo nguYe."

U-Abrahama wathi, "Utheni, Jobe na?" Ubuka phezu kwehlombe lakhe, wathi, "Woza lapha, Sara, buka lapha, buka ukuthi Ubani osemnyango, kulokhu ukusa."

"Ngani," uSara wathi, "yilowo Owayefulathele ngomhlane waKhe, futhi ngahleka ethendeni, futhi Wayekwazi! YiLokhoke, lowo nguYe."

Nakhu kuza uDaniyeli egijima enyuka, futhi ubuka phezu kwehlombe likaSara, wathi, "Lelo yiDwala, engalibona liqheshulwa ezintabeni kungengazandla!"

Khona lapho nje, uHezekeli uza enyuka egijima, wathi, "Lelo yiSondo maphakathi nesondo, engalibona liphenduka, phezulu le maphakathi nomoya!" Nango uMnqobi onaMandla.

62 O, he, njengoba sibezwa ngaleyonkathi, wathi, "Wozani, bantwana, nanethembekile ezintweni eziyingcosana. Wozani, siyaphuma kulokhu ukusa, kade niphakathi lapha isikhathi eside ngokwenele, siya phezulu." O Nkulunkulu, lokho makube yisifiso seBandla! Asikhuphukele phezulu, sidonse izikhonkwane zethu siphume eGibhithe.

63 U-Abrahama wathi, "Baba, singenza nje ukuma okuncane okusheshayo, njengoba sidlula na? Ngingathanda ukubheka indawo endala."

"Impela, Ngizokhuluma nabafundi baMi izinsuku ezingamashumi amane, ngiqalaze isikhashana."

64 Niyazi, umBhalo uthi abaningi babangcwele bavuka emva kokuvuka kwaKhe, wangena emzini futhi wabonakala kwabaningi. U-Abrahama noSara bedabula emzini: "Bekungemangalisi lokho na?" Wathi, "Sara, buka indawo endala." O, he, ngizizwa nginokukholwa ngempela khona manje, ngizizwa ngempela. "Kubheke ngale. Nanko umuzi kaDavide, nazo zonke lezozindawo ezinhle. Nawo ama-altare engawakhayo. Malibongwe iGama leNkosi!"

65 Emva kwezinsuku ezingamashumi amane, Wayemile, enikeza umyalo waKhe wokugcina, "Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli." Hhayi ukwakha amabandla, hhayi ukwenza izinhlangano, kodwa ukushumayela iVangeli; senza ngenye indlela. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: NgeGama laMi bayakukhipha amademoni," kanjalonjalo, lapho Eqhubeka.

66 Njengoba Wayekhuluma, amandla adonsela phansi ayanqotshwa, nakho kuba nokukhanya phansi kwezinyawo zaKhe, njengamakhulu abazalwane, bebhekisisa, futhi Uqala ukuhamba anyuke, aqhubeke anyuke, enyukela phezulu, Yena nabangcwele beTestamente eLidala, beyongena eNkazimulweni. Baqhubekela ngaleya kwezinkanyezi, ngaleya kwenyanga, ngaleya kwezinkanyezi zezinkanyezi. Futhi bafika babona uMuzi omkhulu. O, lokho kufanele ukuthi kwakuyini, uJesu

phandle ngaphambili njengalowoMnqobi omkhulu emasha eqhubeka!

67 Futhi khona manjalo, abangcwele beTestamente eLidala bafika ebusweni bomkhulu, uMuzi omuhle, futhi bamemeza ngokuqhuma okukodwa okukhulu okwazamazamisa amaZulu, "Phakamani nina masango aphakade; futhi phakamani; futhi makuthi iNkosi yeNkazimulo ingene."

68 Niyazi, basho ngenkathi uHitler enqoba iFransi ukuthi wama ngase-Arch of Triumph, ngenkathi amasosha amaJalimane, ngamamayela angapheli emasha edlula, nezindiza zenza izibhakabhaka zaba mnyama, bonke babelapho ukugubha ukungena okukhulu kukaHitler eFransi; ukuthi bamletha kanjani uStalin eJalimane. Kodwa o, mfowethu, ngenkathi iBandla liletha uJesu ngalolosuku: "Phakamani nina masango aphakade; futhi phakamani; futhi makuthi iNkosi yeNkazimulo ingene."

NeNgelosi yathi, "Ngubani leNkosi yeNkazimulo na?

Nabangcwele beTestamente eLidala, baphendula, "INkosi yamabandla, enamandla empini, uMnqobi omkhulu. Wathumba abathunjiweyo, Upha abantu izipho." IBhayibheli lathi Wakwenza.

69 Futhi ukhuluma ngekhaya elemukelekile na? Njengoba iziNgelosi phezu kwalawo amakhulu, amasango eparele, lapho eshwibeka evuleka, noJesu, ezansi ngqo ezitaladini zaseNkazimulweni, nabangcwele beTestamente eLidala emva kwaKhe becula, *Bayede Onke AMandla EGama LikaJesu*. Futhi Wenyukela phambi kwesihlalo sobukhosi sikaBaba, wayesethi, "Baba, nampa. Babethembekile ezintweni ezimbalwa."

Wathi, "Khuphukela lapha, Ndodana, futhi uhlale ngakwesokunene, ngize ngenze zonke izitha zaKho, zibe yisenabelo sezinyawo zaKho." Nango Emile, kulobubusuku.

Bheka, bheka uMnqobi onaMandla,
Bheka, uMbheke obala,
Ngokuba UnguMnqobi onaMandla,
Selokhu Adabula iveli laba kabili.

70 Akukaze kubekhona okunqoba njengeNkosi yethu uJesu Kristu. Okudingwa yilelizwe kulobubusuku ngubuqiniso obuthile. Okudingwa yilelizwe kulobubusuku yinto ethize esho okuthize. Lokho izwe elibheke ukukubona kini maKristu kuyinto engeyoqobo, bakhathele kakhulu ukubona isonto lidlalwa, sebekhathele kakhulu ukucikwa. "NgiyiPresbyterian. NgiyiMethodisti. NgiyiKatolika. NgiyiPentecostal. NgiyiNazarene." Lokho akusikho izwe elikulambeleyo, balambele iSinkwa sokuPhila seqiniso.

71 UJesu wathi, "Nina ningusawoti womhlaba, kodwa uma umhlaba udumele, noma, usawoti edumele, awulungele lutho kodwa ukwenziwa imigwaqo ngawo."

72 Usawoti uyisinongo uma uhlangana. Yiba nobusawoti nje, izwe lizokoma. Nkulunkulu sinike abesilisa nabesifazane abayibo ngempela, abesilisa nabesifazane abama ngobuqhawe. Isixhumanisi sakho esibuthakathaka kakhulu eketangweni lakho yindawo eqine kakhulu, elitshela iketango, akunandaba ukuthi ezinye izinto ziqine kangakanani, lobo buthakathaka ephuzwini elilodwa, yilapho ofuna ukuhlala umboziwe khona.

73 Lapha, esikhathini esithize esedlule. . .Njengoba nonke nazi, ukuthi ngingumzingeli, hhayi ukubulala inyamazane, ngiyahamba nje ngiyohlala lapho, phandle ukuyobona uNkulunkulu, ngiphumele emvelweni. Ngezinye izikhathi ngigula kakhulu futhi ngikhathele ukuhogela upetroli nosikilidi, uze ukwenze uhlanze. Ngiyathanda ukuya phezulu le endlini enkulu yaKhe yesonto enhla esiqongweni sentaba ndawondawo, lapho ngibe ngedwa, ngingezwa ukuvungama kwezinjini zamabhanoyi, kanjalonjalo, kodwa ukuzwa ukunyenyeza kwangunaphakade kwePhimbo likaNkulunkulu emimoyeni lapho liza lidabula eshobeni. Lowo nguNkulunkulu kimi. O, kukhona into ethize yangempela ngakho!

74 Ngangivame ukuzingela enhla eNorthwoods nomngane wami, uBert Call. Ngihlangane naye ezinsukwini ezimbalwa ezedlule futhi ngamxhawula futhi ngaba nedina naye, ngenkathi ngiseNew England, kulawomazwe enhla lapho, e—emvuselelweni yokuphulukisa.

75 Futhi ngolunye usuku, ngangiya ngenyukele lapho ukuba ngizingele ikwindla ngayinye, futhi ngolunye usuku ngenyuka, ngangikhuluma noBert. Futhi wayengomunye wabazingeli ababedlula bonke engake ngababona. Ngi. . .Awuzange udingeke ukuba ukhathazeke ngaye, ubezokwazi ukuthi ubekuphi, wawungadingekile ukuba umcinge, wayazi ukuthi wayekuphi emahlathini. Wayengumzingeli okahle, kodwa indoda enonya kunawo wonke engake ngayazi, wayenonya nje njengoba ayengaba njalo. Wayethanda ukudubula amazinyamazane ezinyamazane amancane, ukungenza ngiphatheke kabi.

76 Manje, kulungile ukudubula izinyane lenyamazane, nina bafana baseTexas lapha, nina bazingeli. Uma umthetho uthi ungaba nezinyane lenyamazane, lokho kulungile, akunandaba iminyaka yenyamazane idiye. U-Abrahama wabulala ithole, noNkulunkulu uyalidla. Kunjalo. Ngakho akukho-ngozi ekuwabulaleni. Kunjalo impela. Kodwa ukuba ngumbulali nje, lokho kwehlukile.

77 Ngabe lokho kukuthikamezile na? Wakwenza, Udla ithole, uphuza ubisi lwenkomazi, futhi udla amaqebelengwana

ommbila. Kunjalo impela. Udla ibhotela ubisi olwakhishwa kulo, Wakwenza ngempela, uNkulunkulu wakwenza, futhi wanyamalala phambi kuka-Abrahama ngqo.

78 Wena uthi, "Leyo kwakuyiNgelosi."

79 U-Abrahama wathi kwakunguNkulunkulu, u-Elohim. Kunjalo. KwakunguNkulunkulu. O, ngijabula kakhulu ukuthi Ukuphethe ngesandla saKhe! Umkhulu kangaka!

80 Omunye wathi kimi, "Uyakholwa, Mfowethu Branham, lowo kwakunguNkulunkulu na?"

81 Ngathi, "Impela, KwakunguNkulunkulu. Lokho . . . UMdali wethu omkhulu na? Uvele nje . . . Senziwe ngemisuka eyishumi nesithupha, Wavele nje welula isandla phansi futhi wathola ipetroliyamu, ukukhanya komhlaba nezulu, na—nama atomu, futhi, '*Phfff*!' waphephetha umzimba omncane, wangena kuwo, wayesefaka iziNgelosi zaKhe phakathi lapho, wayeseya ku-Abrahama. Impela. Wadla inyama, futhi wayelambile, futhi wanyamalala emehlweni akhe." LowoNkulunkulu ofanayo uyazi lapho engiyombelwa khona, Uyazi ukuthi uyoba kuphi.

82 Esikhathini esingeside esedlule, ngangikama lezizinwele ezimbili noma ezintathu, ezisele, umkami ehlezi emuva lapho, wathi, "Billy, usucishe ube nempandla."

Ngathi, "Kodwa angilahlekelwanga nangolulodwa lwazo."

Wathi, "Zikuphi na? Ngitshele."

83 Ngathi, "Zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole na? Zilapho zingilindile, ngolunye usuku ngiyoya kuzo." Zazikhona.

84 Zonke izinwele zekhanda lakho zibaliwe, futhi akukho nalunye lwazo olungalahleka. Lezizandla ezazivamise ukuba ngumfanyana, lamahlombe aqhothile ngaphansi kokushumayela iVangeli, ngoluny'usuku ziyobuyela esimweni sasekuqaleni esithombeni esenziwe ngomfanekiso waKhe, ume ekufaneni naYe, ugezwe eGazini laKhe, uhlengwe ngomusa waKhe, ngiyakuma, yebo, impela. Akukho kwesaba ekufeni, nango Efika.

85 Futhi ngolunye usuku, ngaya kuBert, futhi wayezenzele impempe endadlana, futhi wayenze leyompempe encane ikhale njengelincane, izinyane lenyamazane likhala. Ngathi, "Bert, awuzukukusebenzisa lokho!"

86 Wathi, "O, Billy, hlakanipha. Ungumshumayeli onenhliziyo yenkukhu nje, yileyondlela ngani nonke." Wathi, "Ungumzingeli okahle, kodwa unenhliziyo yenkukhu kakhulu."

Ngathi, "Bert, ngingumzingeli, kodwa hhayi umbulali. Angithandi ukukubona wenza lokho." Ngathi, "Ungakusebenzisi lokho, Bert."

Wathi, "Awu, qhubeka."

87 Saqala ukuzingela ngalokho kusa, cishe amayintshi ayisithupha eqhwa, isimo sezulu esihle sokulandela umkhondo, njengoba noma yimuphi umzingeli azi. Futhi sazingela . . . Kwase kuthi ukuba leyithi kancane enkathini yonyaka, ngaphambi kokuba ngifike lapho, ngangikade ngisemihlanganweni kancanyana impela. Futhi sasizingele konke ukusa futhi asitholanga lutho, ngoba lezozinyamazane amadiye ezinomsila omhlophe phezulu lapho, ziyakwazi ngempela ukucasha, futhi zahamba, ngaphansi kwesikhathi sasemini, ikakhulukazi.

88 Futhi kwase kuthi akube semini, ngani, uBert wahlala phansi esikhaleni esincane esingangosayizi, uhhafu kasayizi walelithende, futhi wayehlezi lapho, ngangicabanga ukuthi wayezokhipha ujeke wakhe wekhofi, noma, owakhe . . . kwakungesilo ikhofi esiliphuzayo, kwakungushokoledi oshisayo, futhi ngangicabanga ukuthi wayezothatha ujeke wakhe—wakhe—wakhe kashokoledi, futhi sasizoba namasemishi, khona-ke sasihlukana futhi sizingele sibuye, ngoba sasingabonanga ngisho nowodwa umkhondo ekuseni konke, izinyamazane amadiye zazesaba. Zazihlala ngaphansi kwezinqumbi zehlashana emini nasemahlonzini ukuze ungazitholi.

89 Futhi ngamqaphela, lapho ehlezi phansi lapho, wayefaka isandla ephaketheni lakhe, futhi ngangimile, futhi wahosha lempempe encane. Ngacabanga, "Impela, Bert, ungeke ukwenze lokho." Futhi wangibuka phezulu ngalawomehlo abukeka njengawesibankwa, futhi wahleka, futhi waqala ukuyifutha. Ngathi, "Ungakwenzi lokho, Bert."

90 Kodwa ngenkathi eyishaya, ngapheseya nje, cishe amayadi angamashumi amabili ukusuka kimi, umama omkhulu wensikazi wasukuma. Manje, isikazi yinyamazane idiye yesifazane. Ngani, yayisondele kakhulu ngangikwazi ukubona amehlo ayo amakhulu, ansundu, leyomithambo ebusweni bayo, isilwane esibukeka sisihle, amadlebe ayo emile. Kwakuyini na? Kwakuyingane ikhala. Futhi ngabuka phansi kuBert, wayesengibuka phezulu futhi, ngacabanga, "Bert, ungeke ukwenze lokho, impela, ungeke."

91 Futhi wayishaya kalula futhi, futhi ngokwejwayelekile, lokho akwejwayelekile kakhulu ukuba inyamazane idiye isukume kanjalo ngalesosikhathi sosuku, futhi yaphumela ngqo esikhaleni. O, azikwenzi neze lokho. Futhi yaphuma ukuze wena . . . ukuze ibonakale.

92 Futhi ngezwa lesosibhamu esikhulu, lapho edonsa i—isigwedlo, kuleyo .30-06, nenhlamvu esakhowe eyikhulu namashumi ayisishiyagalombili phakathi lapho, futhi wayengumnembi, futhi lapho elinganisa phansi lesosibhamu esikhulu, ngacabanga, "O Nkulunkulu, impela angeke akwenze." Lowomama othembekile, wayengadlali isonto,

kwakukhona into ethize yangempela kuye, ungumama, ingane yayisenkathazweni. Wayengenzi nje ngaleyondlela, wayenento ethize kuye eyayingeyangempela, yangoqobo, wayengumama. Wayengenzi nje ngaleyondlela, kwakukhona into eyayimenza enze lokho, kwakungenxa yokuthi wayengumama.

93 Futhi wahamba amafidi ambalwa eqhubekela phambili. Ngacabanga, “O, Bert, ubungayiqhumisa inhliziyo yakhe iphume kuye kanjalo na?” Ngangazi ukuthi uma lesosibhamu esikhulu sidubulile, wayezoqhumisa leyonhliziyo ethembekile ithi ngqu ezinhlangothini zombili zakhe, ngani, wayeyomuthi phaqaphaqa, esondele kanjalo kuye. Ngacabanga, “Lowomama oligugu, ezingela ingane yakhe!”

94 Nenyamazane idiye yaqalaza yase ibona umzingeli! Yavevezela, kodwa, qhabo, ayizange ibaleke, yayingumama. Yama lapho, ingane yayisenkathazweni. O, kwakuyikho ngempela kanjani!

95 Ngaphendula ikhanda lami, angibange ngisakwazi ukuyibuka, ngacabanga, “Nkulunkulu, angimboni enza lokho, ebulala lowomama bandla oyigugu, nayo lapho inalokho, nento ethize kuyo okwakuyiqhuba, umama.” Futhi ngalalela ukuba isibhamu sidubule, ngafulathela, ngacabanga, “Awu, Nkulunkulu, ungamvumeli akwenze.” Ngalinda umzuzu, angisizwanga isibhamu, ngaqalaza, nesibhamu sasihamba *kanje*, akakwazanga ukukwenza.

96 Waqalaza, izinyembezi ezinkulu zehla ezihlathini zakhe, waphosa isibhamu phansi wase engidumela ngomlenze webhulukwe, wathi, “Billy, sengenele yikho. Ngiholele kulowoJesu okhuluma ngaye. Mangazi lowo Kristu oletha uthando.”

97 Kwakuyini na? Wabona into ethize yangempela, wabona into eyayingafakelwe, wabona into ethize eyayingesikho okokuzenzisa, wabona into eyayingeyoqobo. Futhi lapho kulolosebe lweqhwa, ngaholela lowomzingeli onenhliziyo enonya eNkosini uJesu Kristu, futhi uba ngonomoya omuhle, umKristu ozithobile. Ngani na? Konke ukushumayela akukwenzanga, kwaku, wabona into ethize yangempela.

98 O, bandla likaNkulunkulu ophilayo, izwe libheke into ethize yangempela kulobubusuku. Ungathanda ukuba noKristu owenele enhliziyweni yakho, ukuthi ungama ebusweni bokufa na? Ngisho nani bantu abagulayo ogulayo, beningaMthatha nje eZwini laKhe, uphile noma ufe, ume lapha eZwini laKhe na? Wena, obenalemehluko, nazo zonke lezizinkathazo ezincane, nezithiyo zamahlelo, ubungeke yini uthande ukuba nento ethize ukuba uyiveze lapho uhamba wehla ngesitaladi, abesilisa nabesifazane bathi, “Uma kwake kwabakhona owesifazane omesabayo uNkulunkulu, noma owesilisa, nakho kuhamba.” Into ethize yangempela, impilo eshoyo.

99 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje sisacabanga ngalokhu. Kuyini na? Uthando lwamnqoba lowomzingeli. Uthando lukaNkulunkulu luyanqoba. Ningathanda, kulobubusuku, kulesisakhiwo, engaziyo ukuthi niyathanda, bonke phakathi lapha, bangathanda ukuba noKristu engokoqobo kakhulu enhliziyweni yabo, uKristu nje ubeyoba ngokoqobo nje kuwe, njengoba uthando lwalunjalo lwalowomama ngengane yakhe na? Beningaziphakamisa nje izandla zenu, ngokuthula, ngenkathi sisalindile na? Akunandaba ukuthi usube ngumKristu isikhathi eside kangakanani, ngifuna nje ukukubuza. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. Amakhulu ezandla, nxazonke.

100 "Nkosi, yenza kimi. Mangiphakame, Nkosi, njengowesifazane, noma njengowesilisa, mangiphakame ngingongcwele. Mangiphakame esihlalweni sami ukuba ngibe yinto yangempela. Nkulunkulu, mangiveze uthando lwaKho enhliziyweni yami, ukuze izoni ezinezinhliziyo ezinonya zingahle zilandele, zingibheke njengesibonelo, futhi zingilandele ngiye eKalvari.

101 Ngabe bakhona abanye, sisalindile, umzuzwana nje na? Phakamisani izandla zenu, ngiyazi. . . abangazange baziphakamise izandla zabo esikhashaneni esedlule. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, s'thandwa. Lokho kuhle.

102 Emuva le phakathi lapho. INkosi inibusise. Le ngaphandle manje, phakamisani izandla zenu, nithi, "Nkulunkulu. . . "

103 Buka mngani, wena uthi, "Kwenza mehluko muni lokho, Mfowethu Branham na?"

104 O, mngane, asingabe sisabanda futhi sigongobale, asiqonde ukuthi simi kuphi. Asiphakamise isandla sethu, sithi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, isoni, ngi. . . " UNkulunkulu anibusise, le ngapha kulesisikhala sezihlalo, anginibonanga esikhashaneni esedlule. INkosi inibusise, emuva ngapha. Thembeka ngempela.

105 Wena uthi, "O, Mfowethu Branham, ngikhulume ngezilimi, ngimemezile."

106 Lokho kuhle. Angimelene ngalutho nalokho, leyo yimisebenzi kaNkulunkulu. Kodwa bukani, bangane, uma ningenalo uthando ukuba luhambe nalokho, akekho ozokukholwa, akekho ozokukholwa. Lokho kuyamangalisa, ngiyakholelwa kulokho, kodwa unothando ngisho nangaphandle kwalokho, bazokukholwa ngokushesha. Kunjalo. Thola uthando lwangempela lukaNkulunkulu, lezizinto ziyozenzekela, kodwa kuqala thola uNkulunkulu. Thola uNkulunkulu, thola iNto yangempela, thola isiHlahla, Siyothela isithelo saSo uQobo.

107 Ngabe omunye nje uzosiphakamisa manje isandla sakho, ongasiphakamisanga esikhashaneni esedlule, uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi." Awucabangi ukuthi Umi lapho ekubuka na? UNkulunkulu akubusise, ntombi, lokho kuhle. Inenekazi elincane lapha, mhlawumbe . . . UNkulunkulu akubusise, inenekazi elihlezi lapha. Kungahle kube yithuba lokugcina oke ube nalo. Busisa leyontombazanyana emuva lapho, ngumfana omncane, ayibusiswe inhliziyo yakhe encane.

108 Uthi, "Wazini lowomntwana ngakho na?"

109 UJesu wathi, "Vumelani abantwanyana beze kiMi, ningabenqabeli, ngokuba uMbuso ungowabanjalo."

110 UNkulunkulu akubusise, dade, nezandla zakho ziphakeme lapho. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Lokho kuhle. Khulekela ukuthi uNkulunkulu uzokwenza umshumayeli omncane ngawe, s'thandwa, omunye umfanyana.

111 Ngokuthula ngempela, manje. Cabanga ngakho. Ukuba-ke lobu ngubusuku bakho bokugcina na? Awuyikuba nathuba emva kwalokhu. Lapho ushiya lokhu ukuphila, sekuphelile konke. Ungahle ukuba uhambile, wamosha iminyaka eminingi, kodwa kuthiwani ngakho manje na? Asiqale kulobubusuku.

112 UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Ukulinda nje kancanyana kungahle kusho okukhulu kakhulu kuwe. Wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Phakamisela isandla sakho kuNkulunkulu, futhi ukuhlose, futhi ubone ukuthi uNkulunkulu akayidali yini into ethize phakathi *lapha*, kuwe. Impela, Uzokwenza.

113 UNkulunkulu akubusise, dade, ntombi lapho, itshitshi nje. Khona impela kulomculo wokuzibinya owubuthutha, unyaka wodum-dum, ubona intombazane esencane iphakamisa izandla zayo ukuba ikhonze uKristu, uNkulunkulu akubusise, ntombi. Ubungeke ukwenze lokho ngesingawe. UKristu ulapha. "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engaMdonsi kuqala. Futhi bonke oza kiMi, Ngiyakubapha ukuPhila okuPhakade, ngibavuse ngosuku lokugcina." Esinye isandla na? UNkulunkulu abusise lowo wesifazane osemncane, umngane wakhe omncane ehlezi lapho ngakuye.

114 Wena uthi, "Ngabe lokho kusho noma yini na?"

115 Kuya ngokuthi ubuqonde ukuthini ngenkathi uphakamisa isandla sakho. Ngiyazi sinezivumokholo ezincane, nezinto ezincane esenza *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, kodwa uJesu washo lokhu: "Yena," isabizwana somuntu, "yena ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, uno," inkathi yamanje, "kuPhila okuPhakade," lokho yi*Zoe*, ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo, "futhi akasayikuya ekwaHlulelweni, kodwa use," inkathi edlule, "dlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Yilokho Akusho.

116 Noma ngabe ufuna ukugijima e-altare, noma ngabe ufuna ukuguqa esihlalweni sakho, noma ngabe ufuna ukuphakamisa isandla sakho, lapho ofuna ukwenza khona ukuzinikela kwakho, akunandaba, yisimo obusiqondile ngenkathi uya e-altare, waguqa esihlalweni sakho, noma waphakamisa isandla sakho, yilokho konke obukuqondile, ukuthi ucabangeni ngoNkulunkulu.

117 Bangabakhona nje abanye abambalwa, ngaphambi kokuba sikhuleke na? Wonke lowo odinga uNkulunkulu nganoma yini, phakamisa isandla sakho, njengamanje. "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, nginesidingo saKho." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu abe nomusa. Cabanga ngakho manje, leli kungahle kube yihora lakho lokugcina.

118 UNkulunkulu ethanda, kusasa ebusuku, noma ubusuku obulandelayo, ngifuna ukushumayela ngokuthi *ISandla Esiloba Odongeni*, isiputniki esibhakabhakeni, sisondeza uNkulunkulu ekupheleni konyaka.

> . . . lachithelwa mina,
> Nokuthi Wena ungitshele ukuba ngize kuWe,

Ukuba-ke leli yihora lokugcina ukukwehlukanisa phakathi komusa nokwahlulela na?

> . . . Ngiyeza! . . .

119 Ungasiphakamisa nje isandla sakho na? "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi." UNkulunkulu akubusise, emuva lapho, mfo osemncane, ukhala izinyembezi phakamise isandla sakho. Akungabazeki imikhuleko eminingi kamama omdala wenyukela wena, ndodana. UNkulunkulu ukuzwile. Ukubonile. Umi lapho ngakuwe. NguYe okutshele ukuba uphakamise isandla sakho.

120 Omunye umuntu, ngaphambi nje kokuba sinikele umkhuleko na? Oqotho . . . UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Ngike ngaqaphela ngqo eceleni komugqa inenekazi eliselincane liphakamise isandla salo, manje abantu abasha abathathu behlezi emgqeni, kukhona omunye futhi osele kulolohlu ongakaziphakamisi izandla zabo ukuba bemukele uKristu njengamanje. "Yenza kimi, O Nkulunkulu, into yangempela."

121 Mhlawumbe ungowebandla, o, mngani, lokho—lokho nje . . . kumnandi ukuba ngowebandla, kodwa, o, he, uma ungazelwe ngokusha, ulahlekile. Niyabo? Kucabange, uJesu wanqoba, Uzokunika okuthile esandleni sakho ukulwa impi ngakho.

122 Kanye futhi manje, ngaphambi kokuba sikhuleke. Qiniseka ukuthi wenze isinqumo esifanele. Uma uphakamise isandla sakho, uyazi ukuthi usiphakamisile. Uma ungakaze . . . UNkulunkulu alibusise inenekazi elincane lapha, akubusise, s'thandwa. Kulungile. Emuva le ngemuva, yebo, encane, intombazane eyitshitshi. UNkulunkulu makabe ngomangalisayo kuwe, dadewethu othandekayo.

Asikhothamise amakhanda ethu ngenhlonipho yokuzithoba ngempela manje. Wonke umuntu emkhuleckweni.

123 Ngizocela uMfowethu Cerullo, uma ezoza lapha ukuba angiholele lomkhuleko, ngisha izwi. Amakhanda enu ekhotheme, nonke, khulekani manje, noNkulunkulu abe nani.

